# ABAKWA-SARS NEHHOVISI LE-TAX OMBUD BASAYINDE ISIVUMELWANO ESIYINGQOPHAMLANDO

**PRETORIA, ngoLwesihlanu mhla zingama-26 kuMbasa 2019 -** Namuhla uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika kanye nehhovisi le-Tax Ombud (OTO) basayinde isivumelwano esiyingqophamlando bakha ubudlelwano bokusebenzisana obuzoletha usizo oluhamba phambili kubakhokhintela.

Lokhu kuzosungula isithangami esisodwa lapho zombili izikhungo zizokhuluma khona izindaba ezithinta izikhungo zombili ngaphandle kokuphambana emiyalelweni ezinikwe yona ngokwehlukana, ikakhulukazi, ezindabeni zenkampani nezokusebenza.

Okusesivumelwaneni kugcizelela ukusebenza ngokuhlanganyela ukuze kugcinwe ukuzimela nokuzibusa kwesikhungo ngasinye.

Okubalulekile, lokhu kumele kuhambisane nemigomo echazwe eMthethweni wokuSingathwa kweNtela.

Lokhu kuyimpumelelo ebalulekile kuzo zombili izikhungo ukuba zizibophezele ebudlelwaneni obuzobhekana nokuxoxisana, ukwesekana zinhlangothi zombili kanye nokusebenzisana uma kukhulunywa ngezindaba zokudalulwa kolwazi, ukuqeqesha, ukudluliselwa kwesikhashana kwabasebenzi baye kwesinye isikhundla kanjalo nokusebenzisana jikelele nokwelekelelana.

IJaji le-Tax Ombud uBernard Ngoepe ukwamukele ukusayindwa kwe-MoU akuchaze njengesinyathelo esihle. Wengeze ngokuthi uyathemba ukuthi lokhu kuzoqeda ukubambezeleka okungenasidingo ekuphothulweni kwezikhalazo zabakhokhintela. “I-MoU esayindiwe ayichazi ukuthi angeke sisabhekana nezikhalazo zabakhokhintela abanazo ngabakwa-SARS ngendlela efanele. Sizoqhubeka nokuba isikhungo esizimele futhi sizoqhubeka senze umyalelo wethu ngobulungiswa nangokungakhethi. Ngakolunye uhlangothi sizinikele ekugcineni ukulingana phakathi kwamandla nemisebenzi yakwa-SARS kanjalo namalungelo nezibophezelo zabakhokhintela, kusho uJaji Ngoepe. IJaji liqhubeke lathi "ngiyethemba ukuthi lokhu (MoU) kuzoba wusizo kubakhokhintela futhi kuzoqinisa zombili izikhungo ekwenzeni imiyalelo yazo ngokufanele.”

Uma kwenzeka ngebhadi kube khona izindaba ezithile lesi sivumelwano esingazifakile, kungangenwa ezingcoxweni zezivumelwano zosizo oluseceleni uma kukhona isidinga

Kodwa-ke, uma kungafinyelelwa esivumelwaneni kusho ukuthi izinhlangano lezi kumele zixhumane noNgqongqoshe okunguye ozothatha isinqumo esizoba yizwi lokugcina.

Abakwa-SARS bayakwemukela ukuthi umyalelo wehhovisi le-Tax Ombud ukubuyekeza nokubhekana nezikhalazo ezithinta ukuhluleka ukusebenza noma izindaba ezithinta izinqubo noma ukuphathwa kwezindaba ezithile ezivela ngokuthi abakwa-SARS basebenizse uMthetho weNtela ne-CEA ngokungenabulungiswa.

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi ihhovisi le-Tax Ombud lingasibuyekeza isicelo uma lowo ofake isicelo eseyihambe yonke imigudu ebekiwe yokufaka izikhalazo kwa-SARS, ngaphandle uma kukhona izimo ezinqala ezenza kungenziwa lokhu.

Kodwa-ke, i-OTO angeke ikubuyekeze lokhu okulandelayo:

- Imithethonqubo noma inqubomgomo yentela
- inqubomgomo yakwa-SARS noma umkhuba ojwayelekile, ngaphandle uma kuhlobene noma kuhambisana nodaba lokusebenza noma lwenqubo noma ukuphatha oluvele ngokusetshenziswa kokuhlinzekelwa umthetho ngabakwa-SARS
- udaba oluphikiswayo noma okufakwe kulo isicelo sokudluliselwa kwecala, ngaphandle uma kuwudaba lokuphatha oluhlobene nakho lokho kuphikisa nokudluliswa kwecala; noma
- isinqumo sodaba oluqhubeka noma olungaphambi kwenkantolo yentela.

Futhi, izinqubo nomyalelo wehhovisi le-Tax Ombud zingabuye zibekwe ngemigomo ebekwe nguNgqongqoshe.

Abakwa-SARS bakholelwa ukuthi ukubuyekezwa kwezikhalazo okuzimele kungathuthukisa ukufunda ngentela kanjalo nokuqonda kwabakwa-SARS izinkinga zabakhokhintela. Kuzokwenza sibone inkinga yomkhokhintela ngelinye iso kanjalo nokutolikwa komthetho.

Ngalokho-ke uKhomishana wakwa-SARS kanye nehhovisi le-Tax Ombud bavuma ukusebenzisana ngenkathi i-OTO icela ulwazi ezindabeni ezifanayo, kubandakanya ukwazi ukuthola izisebenzi zakwa-SARS ezizokwazi ukusiza i-OTO mayelana nezinhlelo zolwazi, ezindabeni zabasebenzi, ezezimali kanjalo nokutholwa kosizo kanjalo nokwazi ukusebenzisa izikhungo zokuqeqesha zakwa-SARS.